

# ISIQONDISO SOLIMI UPHIKO LWEZILIMI

RETHINK EDUCATION.  
REINVENT YOURSELF.



UNIVERSITY  
OF  
JOHANNESBURG

**ISIQONDISO SOLIMI**

**UPHIKO LWEZILIMI**

2012

Umdidiyeli: Nomusa Sibiya

# Okuqukethwe

1.	Ukubonga/acknowledgements	4
2.	Isandulelo/Foreword	5
3.	Isingeniso/Introduction	
4.	Umlando waKwaZulu/The history of the Zulu Nation	
5.	Imithetho yokubhala/Zulu orthography	19
5.1	Ukuncikana konkamisa/Vowel juxtaposition	20
5.2	Ikhongco/hyphen	20
5.3	Osonhlamvukazi/Ofeleba/Onobumba- Capital letters	20
6.	Izimpawu zokubhala/Punctuation	21
6.1	Ungqi/full stop (.)	21
6.2	Ukhefana/comma (,)	21
6.3	Ukhefanangqi/Semicolon (;)	21
6.4	Ungqingqi/ikholoni/colon (:)	21
6.5	Umbabazi/exclamation mark (!)	21
6.6	Umbuzi/Question mark (?)	21
6.7	Ungqingqingqi(okuquhubekayo)/ellipse (...)	21
6.8	Abacaphuni/inverted commas (“ “)	22
6.9	Abakaki/izibiyelo/parenthesis (..){..}[..]	22
6.10	Isimeliluhlamvu (') Apostrophe	22
6.11	Gqamisa/Bold	22
6.12	Utsheku/Italics	22
6.13	Ukudwebela/underlining	
7.	Izilimi zezilimi zesigodi zesiZulu/Zulu Dialects	22
8.	Amagama ezinyanga/Months of the year	23
9.	Izinkathi zonyaka/Seasons of the year	24
10.	Izifinyezo zezithakazo/Abbreviations of titles	24
11.	Amafakhalihi eNyuvesi/University Faculties	
12.	Izigaba zamafakhalihi/Divisions of faculties	25
13.	Ukupathwa kwesikhungo/Management of the institution	27
14.	Uhlu Iwamagama/List of words	28
15.	Uhlu Iwamabinzana asetshenziswayo/List of common phrases	42
16.	Imithombo esetshenzisiwe/Bibliography	43

## 1. Ukubonga/Acknowledgements

<p>UPhiko Iwezilimi lubonga lungcongcoza kuMnu Mthokozisi Dlalisa ngeqhaza alibambile ekuhlanganiseni umbhalo wokuqala weSiqondiso soLimi sesiZulu. Umnu Dlalisa manje usesebenzela iGoogle lapho eyiSazi seziLimi khona. Sithanda nokubonga laba abalandelayo, abangaphandle kwasikhungo ngegalelo labo ekucubunguleni le ncwajana:</p> <p>Nkz. CW Mthembu</p> <p>Uthisha : e-Beulieu Preparatory School</p> <p>ESigabeni sezilimi zaboMdabu zase-Afrika</p> <p>USolwazi A Wilkes</p> <p>USolwazi osethathe umhlalaphansi:</p> <p>WaseNyuvesi yasePretoria (ESigabeni sezilimi zaboMdabu zase-Afrika) IsiZulu</p> <p>USolwazi N Hlongwa</p> <p>(UKZN: Iphini lesiPhathimandla sokufundisa nokufunda ezifundweni zobuntu).</p>	<p>The Language Unit would like to thank Mr Mthokozisi Dlalisa for his valuable contribution in compiling the first edition of IsiZulu Style Guide. Mr Dlalisa is currently holding a position as a Language Specialist: Google</p> <p>We also like to thank the following people for their willingness to go an extra mile in contributing to this Style Guide as external reviewers:</p> <p>Ms CW Mthembu</p> <p>Educator : Beulieu Preparatory School</p> <p>Department of African Languages (Head of Department)</p> <p>Professor A Wilkes</p> <p>Retired Professor: University of Pretoria (Department of African Languages)</p> <p>IsiZulu</p> <p>Professor N Hlongwa (UKZN: Deputy Dean of Teaching and Learning in Humanities)</p>
--	--


## 2. Isandulelo

<b>1.1</b> Inhliso yale ncwajana ukusiza abakhulumza IsiZulu nalaba okungewona amaZulu ngamagama asetshenziswayo namagama namabinzana asetshenziswa kakhulu eNyvesi.	The purpose of this booklet is to assist both the language and the non-language speakers with terminology and University's high frequency words and phrases.
--	--

### UKUKHETHWA KWEZILIMI ZABOMDABU ENYUVESI YASEJOHANNESBURG

 UNIVERSITY OF JOHANNESBURG	 <b>Head: Language Unit INhloko: Uphiko Lwezilimi</b> <b>Dr Rakwena Reginald Mpho Monareng</b>
Kuye kwacatshangwa ngalezi zimpawu ezilandayo ngenkathi kukhethwa izilimi ezithize zaboMdabu zase-Afrika ukuthuthukisa izilimi zokufunda nezokuphatha eNyvesi yaseJohannesburg	The following factors were considered when specific African languages were selected for development as academic and administrative languages for the University of Johannesburg:
1.2.1 Isimo zezilimi ezweni (isamba sabakhulumza izilimi ezithile).	1.2.1 The language situation in the country (the total of speakers of the individual languages).
1.2.2 Isimo sezilimi esifundazweni (inani labakhulumza izilimi ezithile esifundazweni).	1.2.2 The language situation in the province (the number of speakers of the individual languages in the province).
1.2.3 Imihlahlandela yokuhlelela ulimi yesifundazwe saseGauteng.	1.2.3 Language planning guidelines for the Gauteng Province.
1.2.4 Izilimi eziqokwe isishayamthetho saseGauteng njengezilimi ezizosetshenziswa esifundazweni ngokusemthethweni.	1.2.4 Languages identified by the Gauteng legislature as the languages to be used in the province for official purposes
1.2.5 Iziphakamiso embikweni wekomiti loNgqongqoshe Ukuthuthukiswa kwezilimi zoMdabu zase-Afrika njengezilimi zokufundisa emfundweni ephakeme	1.2.5 The recommendations in the ministerial committee's report <i>The development of indigenous African languages as mediums of instruction in higher education.</i>
1.2.6 Umklamo wolimi wabafundi eNyvesi yaseJohannesburg.	1.2.6 The language profile of students at the University of Johannesburg.
1.2.7 Ukufundiswa kwamanje kwezilimi zase-Afrika (ezingathuthukiswa njengezilimi zokufundisa nezokusetshenziswa nje).	1.2.7 The current offering of African languages as subjects (which can be developed as languages of teaching and of common use).
1.2.8 Ubuchwepheshe obutholakala eNyvesi.	1.2.8 Available expertise at the University.

1.2.9 Izifundo zezilimi zoMdabu zase-Afrika ezenziwayo ezifundiswa yiNyuvesi.	1.2.9 Practical African language courses offered by the University.
1.2.10 Ukubhekelela Ezezimali.	1.2.10 Financial considerations.
1.2.11 Isu elibalulekile ekukhetheni isiZulu neSisuthu saseLeboa. Lezi zinto kuzoxoxwa ngazo ngokulandelana.	1.2.11 The strategic importance of the choice of ISisuthu saseLeboa and isiZulu. These factors are subsequently discussed chronologically.
<b>1.3 Isimo sezilimi ezweni</b>	<b>1.3 The language situation in the country</b>
1.3.1 Ithebula elilandelayo likhombisa abakhulumu ulimi lwebele (LI) ezilimini zaseNingizimu Afrika njengengxene yeKhulu yabantu bonke ezweni (ukubalwa kwabantu kwezi-2001).	1.3.1 The following table indicates the first-language speakers (L1) of the languages of South Africa as a percentage of the total population of the country (2001 census).
<b>Ingxenye yekhulu yolimi yabantu abasezweni</b>	
	<b>2001</b>
IsiZulu	23,8
IsiXhosa	17,6
IsiBhunu	13,3
IsiSuthu saseLeboa	9,4
IsiTswana	8,2
IsiNgisi	8,2
IsiSuthu	7,9
IsiTsonga	4,4
IsiSwati	2,7
IsiVenda	2,3
IsiNdebele	1,6
Ezinye izilimi	0,5
	<b>2011</b>
1.3.2 Ubudlelwane phakathi kwezilimi zase-Afrika nabo buyezwakala. Lezi zilimi zingahlukaniswa ngamaqembu amabili amakhulu: EzabeNguni nezabeSuthu bese kuba yisiTsonga nesiVenda ezingahlobani nanoma yiliphi iqembu. AbeNguni: kuhlanganisa AmaNdebele (isiNdebele), AmaSwazi (isiSwati), AmaXhosa (isiXhosa), namaZulu (isiZulu). AbeSuthu: bahlanganisa AbeSuthu baseNingizimu (isiSuthu) AbeTswana (isiTswana) nabeSuthu baseLeboa (isiSuthu saseLeboa). Lobu budlelwane buvezwe emdwebweni ongezansi.	1.3.2 The interrelationship between African languages is also relevant. They can be divided into two main groups, namely the Nguni and Sotho groups, with IsiTsonga and IsiVenda related to neither group. The Nguni group includes Southern Ndebele (isiNdebele), Swazi (isiSwati), Xhosa (isiXhosa) and Zulu (isiZulu). The Sotho group includes Southern Sotho (isiSuthu), Tswana (isiTswana) and ISisuthu saseLeboa (Northern Sotho). This relationship is depicted in the scheme below:



<p>1.3.3 Izilimi ezine zabeNguni nezintathu zabeSuthu ziyahlobana emaqenjini azo nokuzwana jikelele kwabazikhulumayo kulawo maqembu kuhle. Ngakho yindlela eyamukelekile ukukhetha ulimi olulodwa IwabeNguni nolulodwa IwabeSuthu ukumela ezinye kulelo nalelo qembu uma izimali zinqabela ukuthuthukiswa kwazo zonke lezi zilimi.</p>	<p>1.3.3 The four Nguni languages and the three Sotho languages are closely related within their respective groups and the mutual comprehensibility among the speakers of the languages within each of the groups is good. It is therefore acceptable practice to select one Nguni language and one Sotho language as being representative of the respective two language groups if financial considerations should constrain the building up of the individual languages.</p>																																							
<p><b>1.4 Isimo sezilimi esifundazweni</b></p>	<p><b>1.4 The language situation in the province</b></p>																																							
<p>Ithebulu elilandelayo likhombisa inani labakhuluma izilimi esifundazweni saseGauteng (ukubala kowezi-2001).</p>																																								
<table border="1"> <thead> <tr> <th>Ulimi</th> <th>Inani</th> <th>Ingxenye yekhulu</th> </tr> </thead> <tbody> <tr> <td>IsiZulu</td> <td>1 902 026</td> <td>21,5</td> </tr> <tr> <td>IsiBhunu</td> <td>1 269 177</td> <td>14,4</td> </tr> <tr> <td>IsiSuthu</td> <td>1 159 587</td> <td>13,1</td> </tr> <tr> <td>IsiNgisi</td> <td>1 105 192</td> <td>12,5</td> </tr> <tr> <td>ISisuthu saseLeboa</td> <td>945 657</td> <td>10,7</td> </tr> <tr> <td>IsiTswana</td> <td>741 218</td> <td>8,39</td> </tr> <tr> <td>IsiXhosa</td> <td>671 046</td> <td>7,6</td> </tr> <tr> <td>IsiTsonga</td> <td>505 379</td> <td>5,7</td> </tr> <tr> <td>IsiNdebele</td> <td>171 019</td> <td>1,9</td> </tr> <tr> <td>IsiVenda</td> <td>154 184</td> <td>1,8</td> </tr> <tr> <td>IsiSwati</td> <td>122 560</td> <td>1,4</td> </tr> <tr> <td>Ezinye ezilimi</td> <td>90 134</td> <td>1,0</td> </tr> </tbody> </table>	Ulimi	Inani	Ingxenye yekhulu	IsiZulu	1 902 026	21,5	IsiBhunu	1 269 177	14,4	IsiSuthu	1 159 587	13,1	IsiNgisi	1 105 192	12,5	ISisuthu saseLeboa	945 657	10,7	IsiTswana	741 218	8,39	IsiXhosa	671 046	7,6	IsiTsonga	505 379	5,7	IsiNdebele	171 019	1,9	IsiVenda	154 184	1,8	IsiSwati	122 560	1,4	Ezinye ezilimi	90 134	1,0	
Ulimi	Inani	Ingxenye yekhulu																																						
IsiZulu	1 902 026	21,5																																						
IsiBhunu	1 269 177	14,4																																						
IsiSuthu	1 159 587	13,1																																						
IsiNgisi	1 105 192	12,5																																						
ISisuthu saseLeboa	945 657	10,7																																						
IsiTswana	741 218	8,39																																						
IsiXhosa	671 046	7,6																																						
IsiTsonga	505 379	5,7																																						
IsiNdebele	171 019	1,9																																						
IsiVenda	154 184	1,8																																						
IsiSwati	122 560	1,4																																						
Ezinye ezilimi	90 134	1,0																																						
<p><b>1.5 Imihlahlandela yaseGauteng yokuhlelala izilimi</b></p> <p>IBhodi lezilimi laseNingizimu Afrika (iPanSALB) liqinisekisile ukuthi izilimi eziqokelwe iGauteng yisiBhunu, isiNgisi, isiZulu nesiSuthu saseLeboa ngokulandelana kwazo ngokwe-alfabhethi.</p>	<p><b>1.5 Language planning guidelines for Gauteng</b></p> <p>The Pan South African Language Board (PanSALB) has confirmed on enquiry that the languages identified for Gauteng are IsiBhunu, English, isiZulu and ISisuthu saseLeboa in alphabetical order.</p>																																							
<p><b>1.6 Izilimi eziqokwe yisishayamthetho sase Gauteng</b></p> <p>Isishayamthetho saseGauteng siqinisekisile ngenhlaziyo ukuthi izilimi ezimiselwe ukuba ezisemthethweni kulesi sifundazwe yisiBhunu, isiNgisi, iSisuthu saseLeboa nesiZulu.</p>	<p><b>1.6 Languages identified by the Gauteng legislature</b></p> <p>The Gauteng legislature has confirmed on enquiry that the languages it has identified for official languages in this province are Afrikaans, English, Sesotho saLeboa and IsiZulu.</p>																																							
<p><b>1.7 Iziphakamiso likaNgqongqoshe</b></p> <p>Iziphakamiso embikweni obizwa ngokuthi: <i>Ukuthuthukiswa kwezilimi zabomdabu zase-Afrika njengolimi lokufundisa emfundweni ephakeme kuncike ekuthini iNyvesi ngayinye kumele ikhethe</i></p>	<p><b>1.7 Languages identified by the Gauteng legislature</b></p> <p>. The recommendations in the report entitled <i>The development of indigenous African languages as mediums of instruction in higher education</i> boil down to the fact that each university has to select an African language for this purpose. In regions in which both the</p>																																							

<p>ulimi lwabomdabu okuzofundwa ngalo. Ezifundeni lapho zombili izilimi zesiNguni nezeSisuthu zitholakala khona, amanyuvesi angakhetha olulodwa lwabeNguni nolulodwa lwabeSuthu, ngenhoso yokuluthuthukisa. Uma sibheka isifundazwe saseGauteng, iNyuvesi ingaqoka ulimi lwabeNguni nolwabeSuthu ngenhoso yokuzithuthukisa. Isiphakamiso sokugcina sekomitit ngezilimi ezithize okumele zithuthukiswe ngamaNyuvesi athile sikhonjiswe ngezansi.</p>	<p>Nguni and Sotho languages are strongly represented, universities could consider selecting one Nguni language and one Sotho language for specific development. Given the situation in Gauteng, the University could therefore identify a Nguni language and a Sotho language for specific development. The committee's ultimate recommendation on the specific languages that ought to be developed by particular universities is reflected below.</p>
---	--

	ISisuthu saseLeboa	IsiNdebele	IsiSuthu	IsiSwati	IsiTsonga	IsiTswana	IsiVenda	IsiXhosa	IsiZulu
Fort Hare								✓	
Johannesburg	✓							✓	
Cape Town			✓					✓	
KwaZulu-Natal									✓
Nelson Mandela MU								✓	
Limpopo	✓				✓		✓		
North-West						✓			✓
Pretoria	✓	✓			✓				
Rhodes								✓	
Stellenbosch			✓					✓	
Unisa	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓
Venda	✓				✓		✓		
Free State			✓					✓	
Western Cape								✓	
Wits			✓						✓
Zululand				✓					✓
ISAMBA	5	2	5	2	3	3	3	8	6

<p>Emva kokuba uMkhandlu WezeMfundu Ephakeme usuhambise isicelo sawo sohlaka lwengubomgomu yolini yeMfundu ephakeme eNingizimu Afrika kuNgqongqoshe weMfundu ngoNtulikazi ngowezi-2001, uSlz GJ Gerwel wamenywa ukuba akhe ikomiti lokweluleka uNgqongqoshe ngezindlela isiBhunu esingaqinisekiswa ngaso esikhathini eside, sikhule sithuthukiswe njengolimi lwesayensi nokufunda ohlelweni lwemfundu ephakeme ngaphandle kokuvinjelwa nokucwaswa kwabangasikhulumi isiBhunu ohlelweni....</p>	<p>After the Council for Higher Education had submitted its proposal on a language policy framework for higher education in South Africa to the Minister of Education in July 2001, Prof G J Gerwel was invited to establish a committee for advising the Minister on ways in which Afrikaans:</p> <p>Can be assured of continued long-term maintenance, growth and development as a language of science and scholarship in the higher education system without non-isiBhunu speakers being unfairly denied access within the system...</p>
--	---

<p>Izikhungo ezazifundisa ngesiBhunu zaziguqukela ngokuthanda, ngaphandle kokunikezwa imali engaphezelu yokuzifundisa ngezilimi ezimbili, ikakhulukazi ngenguuko yomklamo wabafundi. Enqubomgomweni Yolini eMfundweni Ephakeme, isimo sesiBhunu njengolimi lwesayensi sichazwa ngale ndlela:</p> <p>UNggongqoshe uyavuma ukuthi isiBhunu njengolimi locwaningo nesayensi, siyinsiza</p>	<p>The former Afrikaans-medium institutions changed over voluntarily and without additional funding to parallel or double-medium teaching, principally as a result of the change in student profile. In the Language Policy for Higher Education, the position of IsiBhunu as a language of science is described as follows:</p> <p>The Ministry acknowledges that IsiBhunu as a language of scholarship and science is a national resource. It, therefore, fully supports the retention of Afrikaans as a medium of academic expression and communication in</p>
---	---

kazweloneke. Ngakho welekelela ngokugcwelle ukugcinwa kwesiBhunu njengolimi lokufundisa nokuxhumana emfundweni ephakeme kanti uzibophezel a ekuqinisekiseni ukuthi isikhundla sesiBhunu siyagcinwa njengolimi lokufundisa.	higher education and is committed to ensuring that the capacity of Afrikaans to function as such a medium is not eroded.
Naphezu kweziphakamiso zekomiti likaGerwel ukuthi amaNyuvesi akudala iPotchefstroom neStellenbosch kumele alugcine ulimi IwesiBhunu emfundweni ephakeme, uNgqongqoshe uvumile ukuthi isibophezel sokugcina nokukhulisa isiBhunu njengolimi Iwesayensi akumele kwenzive yila maNyuvesi amabili kuphela. Onke amanyuvesi ayefundisa ngesiBhunu, kumele athathe izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi isiBhunu akungabi ulimi oluchilizelwa eceleni kubafundi abezayo. Ukuphikisa lokhu osekubaliwe, isiBhunu sagcinwa njengolimi lokufundisa eRAU yakudala – kanye nesiNgisi, esethulwa ukuthi sisize abafundi abengezekayo abakhetha ukufundiswa ngaso. Uma isiBhunu sinakwa njengolunye Iwezilimi eziqokelwe amanyuvesi athize ukuze sithuthukiswe njengolimi Iwesayensi, ithebulu elingenhla lingabukezwa ngale ndlela:	<p>In spite of the Gerwel Committee's recommendation that the (then) Potchefstroom University and the University of Stellenbosch had to see to the sustainability of Afrikaans in higher education, the Minister agreed that the responsibility for maintaining and expanding Afrikaans as a language of science had to be assigned not only to these two universities. All former Afrikaans-medium universities had, however, to take measures to ensure that Afrikaans would not become an exclusion mechanism for prospective students.</p> <p>Against this background, Afrikaans was retained as a language of teaching at the then RAU – next to English, which had been introduced to best serve the increasing student corps who preferred English-medium teaching. If Afrikaans is taken into account as another one of the languages that have been assigned to specific universities in order to be developed as a language of science, the table above can be revised in the following way:</p>

	ISisuthu saseLeboa	IsiNdebele	IsiSuthu	IsiSwati	IsiTsonga	IsiTswana	IsiVenda	IsiXhosa	IsiZulu	IsiBhunu
Fort Hare								✓		
Johannesburg	✓							✓	✓	✓
Cape Town			✓					✓		
KwaZulu-Natal								✓		
Nelson Mandela MU								✓		
Limpopo	✓				✓		✓			
North-West						✓			✓	✓
Pretoria	✓	✓				✓				✓
Rhodes								✓		
Stellenbosch			✓					✓		✓
Unisa	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	
Venda	✓				✓		✓			
Free State			✓					✓		✓
Western Cape								✓		
Wits			✓						✓	
Zululand				✓					✓	
ISAMBA	5	2	5	2	3	3	3	8	6	5

<b>1.8 Iprofayili yezilimi yabafundi base-UJ</b>	<b>1.8 The language profile of the students the UJ</b>					
Mayelana nokukhethwa kolimi lwabeNguni, IsiZulu sibonakale kuyisona esingakhethwa ngenani elikhulu lwabaluncelile ulimi eNyuvesi. Kunabafundi abayizi- 4 328 abakhuluma ulimi lwabele isiZulu, AmaXhosa 1 121, AmaSwati 426, AmaNdebele 189 (NgoNhlangulana 2005 kuwonke amakhempasi).	Regarding the selection of a Nguni language, isiZulu appears to be the most obvious choice for the number of first-language speakers at the University. There are 4 328 isiZulu L1 students as compared with 1 121 isiXhosa L1 students, 426 IsiSwati <sup>1</sup> L1 students and 189 isiNdebele L1 students (June 2005, with inclusion of all campuses).					
Izibalo eziphelele zivela ngezansi. Izilimi ezifakwe lapha yisiBhunu (nesiBhunu/nesiNgisi), isiNgisi, IsiSuthu saseLeboa, yisiSuthu, IsiXhosa nesiZulu ngoba zingaba izilimi ezingasetshenziswa ngokukhetha indlela ethile yokuthuthukisa ulimi	The full statistics appear below. The languages listed here are IsiBhunu (and IsiBhunu/English), English, ISisuthu saseLeboa, IsiSuthu, IsiTswana, isiXhosa and isiZulu because they are the languages that may be at issue in a choice for specific language development.					
<b>1.9 IsiNgisi</b>	17 947					
IsiBhunu (nesiBhunu/nesiNgisi)	7 900					
IsiZulu	4 328					
IsiTswana	2 875					
ISisuthu saseLeboa	2 766					
IsiSuthu	1 819					
IsiXhosa	1 121					
<b>Ukufundiswa kwezilimi zabamnyama njengezifundo eNyuvesi</b>	<b>The current offering of African languages as subjects at the University</b>					
Ngaphambi kokufakwa kwamakhempasi eVista yakudala, iRAU ibihlinzeka ngesiSuthu saseLeboa nesiZulu njengezifundo. Ekhempasini yaseVista eseMpumalanga Randi, isiSuthu saseLeboa, isiTsonga, IsiXhosa nesiZulu bezifundiswa njengezifundo. IsiSuthu, isiTswana nesiZulu bezifundiswa ekhempasini yaseSoweto. Manje iNyuvesi yaseJohannesburg ifundisa lezi zifundo: isiSuthu saseLeboa, isiSuthu, isiTswana, isiXhosa nesiZulu. (IsiTsonga asisafundiswa ngoba sagcina ngonyaka wezi-2005 ukufundiswa njengesifundo).	Before the incorporation of the former Vista campuses, RAU had offered Sesotho saLeboa and isiZulu as subjects. At the East Rand Campus of Vista, Sesotho saLeboa, Xitsonga, isiXhosa and IsiZulu had been offered as subjects. IsiSuthu, IsiTswana and isiZulu had been offered on the Soweto Campus. At present, the merged University of Johannesburg therefore offers the following African languages: ISisuthu saseLeboa, IsiSuthu, IsiTswana, isiXhosa and isiZulu. (IsiTsonga is not taken into account since 2005 is the last year in which it is to be offered as a subject.)					
<b>1.10 Ukuba khona kobuchwepheshe e-UJ</b>	<b>1.10 The availability of expertise at the UJ</b>					
Ukwabelwa kwabasebenzi eSigabeni seziLimi zaboMdabu zase-Afrika ngokwezilimi ezifundiswayo kume ngale ndlela:	The allocation of staff in the Department of African Languages according to language offered is set out in the following table:					
	ULIMI					
Umsebenzi	ISisuthu saseLeboa	IsiSuthu	IsiTswana	IsiXhosa	IsiZulu	
Chapole S		✓				
Groenewald M					✓	
Kgopa M	✓					
Khoali H			✓			
Kock J	✓					
* Madi S					*✓	

**Manyaka J			**✓				
**Mngadi P					**✓		
Mokgathi R	✓						
Mtumane Z				✓			
Posthumus L					✓		
Pretorius W	✓						
*UNkz Madi uqashwe ngenkontileka.	Ms Madi is a contract appointment						
**UDokotela Manyaka noMngadi baphethe amakhempasi iSoweto neMpumalanga Randi ngokwehlukana. Abangeni kakhulu ezindabeni zokufundisa.	Drs Manyaka and Mngadi are Campus Heads at Soweto and East Rand Campuses respectively. Their academic involvement in the Department is consequently limited.						
<b>1.11 Izifundo ezifundiswayo zezilimi zaboMdabu zase-Afrika eNyuvesi</b> Izifundo ezenziwayo zesiSuthu saseLeboa nesiZulu zazifundiswa ekhempasini yaseRAU yakudala (nakubafundi abazifundela ngasese). Ngenxa yokuthi iRAU yakudala yayifundisa izifundo zezilimi ezahlukene zabakhuluma ulimi lwebele nolimi Iwesibili ukusuka ngonyaka we-1996, abasebenzi e-APK bathola ulwazi ekuthuthukiseni nasekufundiseni ulimi Iwase-Afrika njengolimi Iwesibili nolwesithathu.	<b>1.11 Practical African Language courses offered at the University</b> Sesotho sa Leboa and IsiZulu practical language courses were offered on the former RAU Campus (and also to private concerns). Because the former RAU had offered separate language courses for mother-tongue and non-mother-tongue speakers from 1996, the staffs on APK have in this way gained experience in the development and offering of an African language as L2/L3.						

<p><b>1.12 Okupathelene nezimali</b></p> <p>Izilimi zase-Afrika eziqokelwe ukuthuthukiswa zizofaka iNyuvesi ezindlekweni zemali. Yize uhulumeni eshilo ukuthi kuzoba nemali yokuthuthukisa izilimi zomdabu zase-Afrika njengezilimi zokufundisa ezingeni lemfundo ephakeme, umuntu angeke ancike kakhulu kulokhu, kanti izindleko ezihambelana nalokhu kufanele zicatshangisiswe.</p>	<p><b>1.12 Financial concerns</b></p> <p>The number of African languages that are identified for development will have financial implications for the University. Although the government has indicated that funds will be voted for the development of African languages as teaching languages at higher education level, one cannot rely entirely on this, and the financial implications of such an undertaking will have to be considered carefully.</p>
<p><b>1.13 Ukubaluleka kwesu lokuthuthukisa isiSuthu saseLeboa nesiZulu</b></p> <p>Ukuthuthukiswa kolimi IwabeNguni nolwabeSuthu njengezilimi ezivame ukusetshenziswa nanjengezilimi zokuxhumana eNyuvesi akukona nje ukuthi kubalulekile kodwa kuyisidingo esihambelana nemithetho yokwenza kahle neyemfundo. Inyuvesi kufanele izibophezele ekuthuthukiseni lezi zilimi njengezilimi zokufundisa nokuheha abafundi nokubagcina.</p>	<p><b>1.13 The strategic importance of developing Sesotho sa Leboa and IsiZulu</b></p> <p>The development of a Nguni and a Sotho language as languages of common use and as mediums of communication at the University is not only of strategic importance, but it is also a moral and educational necessity. The University should therefore commit itself to developing these languages as languages of teaching and to using them as instruments for ensuring student recruitment and student retention</p>
<p><b>1.14 ISIPHETHO: UKHETHO OLUNCIKE EMAPHUZWINI ANGENHLA</b></p> <p>Ukusetshenziswa kwamaphuzu angenhla kuholela ekuhlulekeni ukugwema IsiZulu njengolimi IwabeNguni okufanele luhkhethwe ukuze luthuthukiswe ngandlela thize enyuvesi. Mayelana nezilimi zabeSuthu, izimpawu zihambelana nesiSuthu saseLeboa njengolimi IwabeSuthu okumele luqokwe ukuze luthuthukiswe (yize abeSuthu baseNingizimu bebaningana kunabaseLeboa esifundazweni, kanti abeTswana nabo bathi ukuba baningana ababhalisele ukufunda eNyuvesi). Ukhetho Iwesifundazwe Iwebhodi leziLimi zaseNingizimu Afrika, [kanye nokhetho luka] uMasipala Wedolobha laseGoli nesiShayamthetho, imihlahlandela yekomiti likaNgqongqoshe nokutholakala kobungcweti enyuvesi yizona zinto ezisemqoka zokukhetha isiSuthu saseLeboa njengolimi egenjini labeSuthu okumele luqokelwe ukuthuthukiswa. Abaphathi beNyuvesi bamemezele uxhaso oluphelele ukuthuthukisa iSisuthu saseLeboa nesiZulu kuhambisane nesiNgisi kanye nesiBhunu. Amazwi kaSekela- Shansela, uSlz Ihron Rensburg ayethi “ inqu bomgomoyolimi yaseNyuvesi yaseJohannesburg yile ehlanganisayo kunokwehlukanisa”</p>	<p><b>1.14 CONCLUSION: A CHOICE BASED ON THE ABOVE FACTORS</b></p> <p>The application of the above factors leads ineluctably to the identification of isiZulu as the Nguni language that should be chosen for specific development at the University. Regarding the Sotho languages, factors favour Sesotho sa Leboa as the Sotho language that should be earmarked for development (although there are slightly more Sesotho than Sesotho sa Leboa speakers in the province and slightly more Setswana speakers than Sesotho sa Leboa speakers are enrolled at the University). PanSALB's language choice for the province, [as well as the choices of] the Metropolitan Municipality of the City of Johannesburg and that of the legislature, the guidelines of the ministerial committee, and the availability of expertise within the University are the vital considerations for choosing Sesotho sa Leboa as the language within the Sotho group that should be earmarked for development. The University's Management has declared its full support for the development of Sesotho sa Leboa and IsiZulu alongside English and Afrikaans.</p> <p>In the words of the Vice-Chancellor, Prof Ihron Rensburg, “the language policy of the University of Johannesburg is one of inclusion rather than exclusion”.</p>

### **3. Isingeniso**

IsiZulu olunye Iwezilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu-Afrika. IsiZulu sikhulunywa (njengolimi Iwasekhaya) ngabantu abangama-23.8% (Census: 2001). IsiZulu siwela ngaphansi kweqoqo lezilimi zesiNguni (isiZulu, isiXhosa, IsiSwati, isiNdebele) okuthi uma zihlanganiswa zibalelw kuma- 45.6% enani labantu (Census: 2001).

Uma kubhekwe lezi zibalo eziphezulu kubonakala kusobala ukuthi ngenani, isiZulu yilona limi olukhulunywa kakhulu kunezinye eNingizimu Afrika. Kodwa, kusemqoka ukuthi kuqashelwe ukuthi abantu abakhulumu isiZulu basabalele kakhulu KwaZulu-Natali naseGauteng.

Uma kukhulunywa ngesiZulu kukhulunywa ngolimi oluhlelembekile (standardized). Singasho sithi isiZulu ulimi oluhlelembekile kahle ngoba (PanSALB 2008:4) lunezincwadi zohlelo (grammar books), lunemithetho yokubhala, lunezichazamazwi kanye nohlelomagama olusha olunembayo.

Lokhu okungaphezulu kubaluleke kakhulu, ikakhulukazi ezikhungweni zemfundo ephakeme. Lapho khona yonke into eyenziwayo, ikakhulukazi kwezezfundo, ilindeleke ukuthi ibe qotho, nekhwalithi nobuholi. Izikhungo zemfundo ephakeme zibamba iqhaza elikhulu kabi ekuthuthukiseni nasekugqugquzeleni ukusetshenziswa kolimi. Yingakho-ke ukusetshenziswa kolimi eNyuesi kufanele kube nobuhle, nobuqotho kanti futhi kube ngendlela esemthethweni nokuyiyona.

Ekuhlanganiseni le ncwadi yokuqondisa indlela yokusetshenziswa kolimi IwesiZulu, imithombo eminingi yolwazi isetshenziswe ngokukhululekile. Kule mithombo kungabalwa phakathi iPanSALB, Imithetho yokubhala nobhalogama IwesiZulu 2008, Department of Arts & Culture Terminology Lists, Department of Education and Training isiZulu Terminology and Orthography no.4 1993, neminye, iStats: SA Terminology Lists.

## 4. Umlando kaZulu

Isizwe samaZulu saqala njengesizwe esincane, samaZulu (abantu basezulwini). Ngeminyaka yekhulu leshumi nesikhombisa nekhulu nesishiyagalombili amaZulu aqala ukuba khona KwaZulu-Natali, enza izizwana nezigodi. Ngaphansi kombuso wenkosi uShaka, alwa izimpi eziningi ezinesihluku nezizwe ezaziyizitha, kwakhiwa namabutho empi ekuqaleni kweminyaka yekhulu lesishiyagalolunye. AmaZulu anamasiko athile awahlukanisa nezinye izinhlanga.

The Zulu nation had started as a small tribe, the Amazulu (people of the heavens). By the 17th and 18th century the Zulu people were established in kwaZulu Natal and formed tribes and clans. Under Chief Shaka, they fought numerous aggressive, often merciless, military campaigns against rival tribes at the beginning of the 19<sup>th</sup> century. The Zulu people have a distinct culture that distinguishes them from other ethnic groups.



Unyaka nonyaka amaZulu agubha imikhosi evuselela amasiko awo. Le mikhosi ifaka nosuku Iwamagugu oluvame ukugujwa kukhunjulwa impilo yeLembe, iNkosi uShaka, inkosi eyayinamandla kakhulu eyakha isizwe samaZulu.

Umkhosi womhlanga, lapho izinkulungwane zezintombi zamaZulu zihlangana khona eNyokeni esigodlweni seNgonyama yamaZulu ngoMandulo unyaka nonyaka. Umkhosi womhlanga isiko lokukhuthaza ubumsulwa ezintombini nokuhlonishwa kwabesifazane abasebasha.

During each year they hold ceremonies that revive their culture and tradition. These ceremonies include the Heritage Day, which is held to celebrate the life of Shaka Zulu, the most powerful king and creator of the Zulu nation.

The Reed Dance Festival, known as Umkhosi woMhlanga, where thousands of Zulu virgins converge at the Enyokeni Zulu Royal Palace in September every year. The Reed dance is an activity that promotes purity among virgin girls and respect for young women.



Abafana bafundiswa ukushaya induku, okwenziwa ngehawu kwesinye isandla nenduku kwesinye noma ngezinduku ezandleni zombili. Lezo zinduku zakhiwe ngokhuni oluqinile kanti zingaba ubude obungamilimitha angama-700 futhi zingashaya kabuhlungu. Uma abafana sebeneminyaka eyishumi nanhlanu banikezwu imikhonto engeyabo ngoyise ngaphambi kwesinyathelo esilandelayo esiwukuthwalela abafowabu izimpahla zasempini bazise ezinkanjini zempi. Ngale ndlela abafana bajwayezwa kancane kancane ngezempi.

The boys are introduced to stick fighting, which is done either with a shield in one hand and a stick in the other or with a stick in each hand. Such sticks are of hardwood and approximately 700mm in length and can land a painful blow. At the age of fifteen, young boys will receive their very own spear from their fathers before the next step, which is carrying their elder brothers' accoutrements to military camps. In this way, the boys are gradually introduced to the military way of life.



Ilobolo yisiko lokukhokhela umukhwe ngezinkomo, ukuthola inkosikazi. Uma inkosikazi kukhona engakwazi ukukwenza, umukhwe ulindeleke ukuba anikele ngozomela le nkosikazi noma abuyisele abasemzini amanye amabheka noma wonke. Amabheka assetshenziselwa ukukhokhela umukhwe ezinye zezindleko zokukhulisa ingane


Lobola is the practice of paying the future father in law with cattle, for a wife. If the wife is deficient in any way, the father in law is expected to make a replacement available or refund some or all of the cattle. The cattle are used to recompense the father in law for the expense of her

yakhe nokuhamba kwayo ekhaya ingasenzi imisebenzi eyayikade iyenza.	upbringing and the loss of her services.
Umshado wesiZulu wenzeka ngezindlela nangezimo eziningi ezahlukene. Imvamisa umakoti ushintsha ukwedlula kokuthathu ngosuku lwakhe lomshado, ekhombisa abasemzini ukuthi muhle kanganani ngezingubo zakhe zemibala ehlukahlukene.	The Zulu wedding takes many shapes and forms. Usually the bride changes more than three times on her wedding day, showing off to her in-laws how beautiful she is in different colors.
Ngosuku lomgcagco umthimba (abakubo kamakoti) nekhetho (abakubo kamkhwenyana) bayaqhadelana ngendlamu nangamaculo. Umndeni wakubo kamkhwenyana uhlaba inkomo ukwamukela umakoti emzini wabo. Umakoti ufaka imali esiswini senkomo kubona wonke umuntu.	During the traditional wedding the parties from the bride and the groom's side compete through Zulu dance and songs. The family of the groom slaughters a cow to show that they accept the bride in their home. The bride puts money inside the stomach of the cow while the crowd looks on
Lokhu uphawu lokuthi naye useyilungu lomndeni manje. Umshado uphela ngomabo, wezingubo nokunye emndenini wakhe omusha kanye nezihlobo zakhona.	This is a sign that she is now part of the family. The wedding ceremony ends with the bride giving gifts in the form of blankets to her new family, including the extended family.
Leli siko libizwa ngokuthi ukwaba. Nabangasekho bayazithola izipho nabo kodwa bamelwa abaphilayo. Abaphiwe izingubo baziginqa ngazo khona lapho ebeleni wonke umuntu ebukele. Izibukeli zikikizele zicule zigiyele umndeni ophiwayo.	This tradition is called <i>ukwaba</i> . Even the long-deceased family members receive gifts and are represented by the living ones. The family cover themselves with the blankets in an open area where everybody will see. The spectators ululate, sing, and dance for the family.
	
Imbeleko isiko lokuhlukanisa ukuhlangana kwenkaba yengane nonina nokwethula usana emathongweni. Imbeleko isho ukubeletha uma kuzalwa ingane nokuyibeletha emhlane. Kuhlatshwa imbuzi njengomnikelo kwabaphansi. Abadala emndenini bavama ukukhulumu bacele amadlozi ukuthi amukele, ahole, avikele ingane.	Imbeleko is an act of detaching the umbilical connection from the mother and introducing the child to the ancestors. Directly translated, imbeleko means the act of giving birth or to carry on your back. A goat is slaughtered as a sign of sacrifice to the ancestors. The elders of the family normally speak and ask the ancestors to accept, guide and protect the child.



Inqubo, imikhuba namasiko amaningi esikhathi senkosi uShaka, kuzohlala kuyinsika yesizwe samaZulu kuze kube yimanje.

Many of the cultures, customs, and traditions of Shaka's time remain the corner stones of the Zulu people till this day.



IsiZulu olunye Iwezilimi eziyishumi nanye olukhulunywa eNingizimu Afrika. Ayinazilimi eziningi zesigodi ngaphandle kwezimbalwa ezikhulunywa idlanzana labantu eNingizimu Afrika iningi labo elihlala ngasogwini laKwaZulu Natali.

Zulu is the most uniform of the nine official African languages spoken in the RSA. It has hardly any dialects to speak of except for a few minor ones spoken by only a very small number of people in South Africa of which the majority reside along the KwaZulu-Natal coast line.

Akukho nalunye ulimi Iwesigodi olusemthethweni ngakho akunaqhaza olilibambayo enqubomgomweni yolimi kuleso sifundazwe. Izilimi ezimbili ezahlelwa abafunda izilimi njengezesigodi esiZulwini kodwa namuhla sezithathwa njengezilimi ezisemthethweni isiNdebele saseNingizimu esikhulunywa kakhulu ezifundazweni iMpumalanga neGauteng nesiNdebele esikhulunywa kakhulu eZimbabwe.

None of these dialects is officially recognized and therefore play no role in the language policy of that province. Two languages that originally were classified by linguists as dialects of Zulu but today are recognized as fully-fledged languages are Southern Ndebele that is mainly spoken in the provinces of Mpumalanga and Gauteng and Sindebele that is spoken exclusively in Zimbabwe.

Ukuguquka kwesimo salezi zilimi ezimbili kwenzeka uma zazinikezwa ukuba semthethweni, IsiNdebele saseNingizimu njengolunye Iwezilimi ezisemthethweni eNingizimu Afrika kanti esinye saba ulimi olusemthethweni ezweni esakhelene nalo iZimbabwe.

The change in the linguistic status of these two languages came about as a result of them being awarded official status, the former as one of South Africa's nine official languages and the latter as one of the official languages of neighbouring

